




I SPCA ithi . . .



Khumbula ukuQikekela ihashi noma imbongolo yakho





Ihashi noma imbongolo yakho ayikwazi ukusebenza ubusuku nemini. Kumele iphumule. Qiniseka ukuthi ilala endaweni efudumele neyomile, nxashana ingasebenzi.





Ungalokothi ubeke umthwalo osinda ngokweeqile ekalishini lakho. Ihashi noma imbongolo yakho ingalimala kalula futhi ikhathale uma ikalishi kunzima ukulidonsa. Kubalulekile ukuba ikalishi yembongolo inebreki elungileyo. Ungasebenzisi ibreki yaphukileyo. Inengozi.



Qiniseka ukuthi ihashi noma imbongolo inokudla okwanele ezokudla. Kumele idle nokunye hayi utshani kuphela. Liphe amaqebelengwane amahashi atholakala esitolo sokudla kwezilwane. Sebenzisa isitsha esihlanzekile ungawabeki phansi amaqebelengwane lapho ezoba nomhlabathi. Kubalulekile ukunika imbongolo yakho amanzi ahlanzekile ngaso sonke isikhathi.




Imbongolo noma ihashi lakho ingatholi kalula izikelemu uma idlela phansi. Uma ubona ukuthi ihashi noma imbongolo yakho ziyagula yise e S.P.C.A. Banokukusiza ibe ngcono bayinikeze umjovo ezoligcina liphilile.



Ungalithungi amahanisi ehashi lakho ngocingo lokhu kuyalilimaza ihashi lakho beselingakwazi ukudonsa ikalishi kahle. Qikekela ngaso sonke isikhathi ukuthi uma emabili amahashi adonsa ikalishi makube ngalinganayo.

Bheka amahanisi ngaso sonke isikhathi. Uma ushintsha amahanisi akho kuyenzeka abe mancane okanye abe makhulu. Azolimaza ihashi noma imbongolo emlonyeni.



Qikekela ngaso sonke isikhathi ukuthi akukho matshe abambebele ezinyaweni zembongolo noma zehashi lakho ngoba izoxhuga. Nsuku zonke, bheka emazinyweni ukuthi lizodla kahle ukudla kwalo ubheke futhi ukuthi akukho okubambebele emazinyweni. Uma amazinyo alo ebukhali ngokweqile uzobona ngokuthi lilimele emlonyeni nasolimini. Gaphela nsuku zonke ukuthi awekho amaqhizane endlebeni nasebusweni bembongolo yakho. Amaqhizane azoyigulisa imbongolo yakho. Uma-ke lokhu kwenzeka ngaso sona lesa sikhathi, uyise eSPCA. Noma-ke ubafonele. Bazokusiza.